**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesibili)**

**ISIKHATHI: 3 amahora**

**IMIKLOMELO: 100**

---

**IMIYALO**:

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B, noC.
- Esigabeni A, Umbuzo 1 uphoqelekile.
- Umbuzo 2 unemibuzo emine, khetha uphendule EMIBILI kuphela.
- Ezigabeni B noC incwadi ngayinye inemibuzo emibili, umbuzo OYINGXOXO nombuzo OMFISHANE.
- Phendula le mibuzo ihambisane kanje:
  - uma uphendule umbuzo oyingxoxo esigabeni B, phendula omfishane esigabeni C.
  - uma uphendule umbuzo omfishane esigabeni B, phendula oyingxoxo esigabeni C.

---

ISIGABA A

**IZINKONDLO**

**UMBUZO 1**

***Uphondo Lukabhejane*** – **T. M. Masuku**

Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.

1.1 Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**IVILA**

Nant' ivila ebaleni,
LikwesikaBhadakazi;
Lilel' esithumbanjeni –
Lilele ngengubokazi.

Wonk' umuntu uvukile,
Uyolim' emasimini;
Bonk' abantu bahambile –
Ivila lilel' emini.

Pheqa ikhasi

Lilel' esithangamini,
Linobhici: lingcolile;
Ekuseni nasemini –
Lilele: alivukile.

Lilele enhlabathini,
Alendlele nasiphuku;
Libhuquza othulini –
Maye, isiphukuphuku!

Izingane zihambile,
Zibange esikoleni;
Awomame baphumile –
Babheke ngasemfuleni.

1.1.1 Moya muni otholakala kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.2 Bhala uhlobo lokuxhumanisa olusendimeni yokuqala, nikeza nesibonelo esifanele. (2)

1.1.3 Ucabanga ukuthi yini ivila? (1)

1.1.4 Landa ngomqondo osobala kule nkondlo. Bhala amaphuzu amathathu. (3)

1.1.5 Shono okubili okukhombisa ukuthi leli vila alizithandi futhi alizikhathalelі. (2)
**[10]**

## UMBUZO 2

***Imvubelo* – A.M. Maphumulo**

Phendula imibuzo EMIBILI kuphela.

2.1 Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo:

Nqaba yami yokulinda,
Ngibong' ukucija owangipha khona,
Ngibong' amandla owangipha wona,
Ngibong' umusa owangingcwelisa ngawo;
Wangakha kwabus' eyakh' intando;
Namhla ngiqopha kuqopheke ngawe,
Namhla ngiqamba kuqambeke ngawe.

Nxa ngisinga eyakh' indlela,
Ngithatheka kuyona ngomdlandla,
Ngikhabuzele kuyona ngobungcweti,
Ngisho sengiluthwa ngamalutha,
Ngibambelela kuyona, kuyona ngingadeli,
Ngizinikela kuyona, kuyona ngingaphambuki,
Ngiyongena kuwe Nqaba yokulinda.

Ngilinde Nqaba yami,
Ngilahl' inkohliso nokuzidla,
Ngilahl' ubuze nemizindlo yami,
Ngingqimul' ubuwumba ngembath' ubuhlakani,
Ngifund' ukudumisa ngendumiso yodwa,
Ngifund' ukukhothama ngenkothamo yodwa,
Ngiyolinda kuwe Nqaba yami.

2.1.1 Phawula kafushane ngokwakheka kwemigqa yebinza lokuqala. (2)

2.1.2 Ucabanga ukuthi yiziphi izinto imbongi enxusa ukuba ilindwe ukuze ifunde ukuzenza? (2)

2.1.3 Sinikeze umehluko okhona kula magama amabili atholakala enkondlweni:

a) Ukuluthwa. (1)
b) Amalutha. (1)

2.1.4 Ingabe igama elithi 'Ngibambelele' linyakazisa yiphi inzwa? (1)

2.1.5 Ebinzeni lesithathu kunokuxhumana. Shono ukuthi hlobo luni bese unikeza nesibonelo esisodwa. (2)

2.1.6 Ucabanga ukuthi ngubani le Nqaba umbhali akhuluma ngayo, kungani asebenzise leli gama angasebenzisanga elinye? (3)

2.1.7 Umbhali uthi ubonga ukucija aphiwa khona. Ingabe ucabanga ukuthi uqondeni ngelokucija? (2)

2.1.8 Ngokuzwa kwakho inkondlo yini le umbhali ayiqambayo? (1)
**[15]**

**NOMA**

2.2 Funda nazi izigaba zenkondlo bese uphendula imibuzo:

Obabamkhulu wababheka
Baphila, bedlula njengethunzi,
EGibhithe wawukhona ubhekile
Mhla kuchithek' igazi elimsulwa.
Wabon' izinsizwa zilwa
Ziya kwaGoqanyawo zingazelele
Ngempikazi yomhlaba yesibili.

Wawukhona qhawe leZulu
Mhla abakwa Xhosa bezigwaza
Ngowabo umkhont' obukhali,
Becabang' ukuth' uzoshay' indida,
Waphashaka Muhlekazi wabahlek' usulu!
Bancind' uthi lomkhangala,
Hawu, Qhawe leNkosi kade ubona
Izinsambatheka zokungazi kwamhlaba.

2.2.1 Ngokuzwa kwakho le nkondlo, yiziphi izehlakalo umbhali athi leli qhawe lazibona zenzeka? Sinikeze zibe zimbili. (2)

2.2.2 Bhala uhlobo lwemvumelwano etholakala esigabeni sokuqala bese utomula nesibonelo esifanele. (2)

2.2.3 Moya muni otholakala kule nkondlo? Sekela impendulo yakho ngesibonelo esifanele. (3

2.2.4 Uchazani umbhali uma ethi: 'Bancind' uthi lomkhangala'? (2)

2.2.5 Ikhuluma ngani le nkondlo? Chaza. (5)

2.2.6 Hlobo luni lwesifenqo olutholakala kulo mugqa? 'Waphashaka Muhlekazi wabahlek' usulu! (1)

**[15]**

**NOMA**

2.3 Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo:

**ZINKUNZI ZELAKITHI**
**K.E. Hlongwane**

Amagalelo enu angifak' ugqozi,
Ziyofa izinsizwa
Kuyosal' izibongo.

Sisakuzwa ukubhonga
KoBhambatha kaMakhwatha,
Othathwe yinkunzi
YaseGcotsheni,
Yamsusa phansi
Yamkhipha phezulu.
Ngambon' esemi
Phambi kwam' igqonono,
Esho ngengila eyiphaka:
"Phambili maqhaw' amakhulu!"

Ngikuzwil' ukulandwa komlando
Dhlomo, usilondolozela umlando,
Usuk'eLembeni udiya ngo Dinuzulu,
Luphelekehle lwakithi kwaZulu.

Khala nkomo yendlw' emnyama,
Wen' ongasoze waya ndawo.

2.3.1 Ngokuzwa kwakho inkondlo, yimiphi imisebenzi uDhlomo atuselwa yona? (2)

2.3.2 Bubizwani ubunkondlo obutholakala emgqeni – 5? (1)

2.3.3 Hlobo luni lwenkondlo lolu? Usho ngani. (3)

2.3.4 Kungani imbongi ibize laba babhali ngezinkunzi? (2)

2.3.5 Ebinzeni lesibili imbongi itusa inkunzi yaseGcotsheni. Ingabe ngubani le nkunzi imbongi ekhuluma ngayo kanti eGcotsheni khona yikuphi? (2)

2.3.6 Shono ubunkondlo obuqukethwe umugqa – 15. (1)

2.3.7 Ngokuzwa kwakho inkondlo, iyiphi incwadi eyabhalwa nguBhambatha kaMakhwatha okucashunwe kuyona umugqa – 13. (1)

2.3.8 Hlobo luni lokuxhumana olutholakala ebinzeni lesithathu? Nikeza nesibonelo esisodwa. (2)

2.3.9 Sichazani lesi sisho 'esho ngengila'. (1)

**[15]**

**NOMA**

2.4 Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo:

**YISINQIBI**
**A. M. Maphumulo**

Ngazibona zigazuk' izindebe zakhe,
Zidebezeka kungathi bezidebezwa ngenhloso,
Zadebezeka zanemifantu echinc' igazi,
Amehlo ayigazi eshone phakathi
Kwanga ayedonswa ngenhloso,
Isisu saboshwa ngemivingqo yezintambo;
Ngezimbamb' ojahidada bafund' izibalo,
Izandla zibambene ngoxolo lwemfuno,
Izinwele ngamadlodlombiya ziyimibala yezingubo;
Ngathula ngambheka wangibheka sabhekana,
Wangibheka ngayigazi anezinyembezi zegazi.
Nkosi, anginalutho ngingamsiza ngani?
Uma lezi zehlo zingenxa yami,
Ngicela ukuvalelw' amasang' okuphila.

2.4.1 Ingabe yini imbangela yokuba amehlo alo muntu okukhulunywa ngaye abe kulesi simo? (1)

2.4.2 Tomula umugqa onemvumelwano – maphakathi. (2)

2.4.3 Nhloboni yenkondlo lena? Sekela impendulo yakho. (2)

2.4.4 Yini isinqibi? (2)

2.4.5 Ngezinjani izinwele ezimadlodlombiya? (1)

2.4.6 Nhloboni yesifenqo esiqukethwe yilo mugqa?
Wangibheka ngayigazi anezinyembezi zegazi. (1)

2.4.7 Tomula umugqa owodwa obonisa ukuthi imbongi iyikholwa. (1)

2.4.8 Nganjani amehlo ayigazi? (1)

2.4.9 Ake uchaze ngawakho amagama ukuthi uthini lo mugqa:

Ngezimbambo ojahidada bafund' izibalo. (2)

2.4.10 Caphuna imisho emibili enokuxhumanisa okuyinxemu bese ukudwebela. (2)
**[15]**

**[30]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

ISIGABA B
**UMDLALO**

**UMBUZO 3**

***Ngiwafunge Amabomvu*** **– L. Molefe**

Phendula umbuzo OWODWA kulesi sigaba. Uma ukhetha umbuzo oyingxoxo usuyokhetha omfishane esigabeni C, kanti uma ukhetha omfishane khetha-ke oyingxoxo kuC.

3.1 Kulo mdlalo wethu kuvezwa amandla othando lweqiniso uma luqhathaniswa nothando lokwakhiwa. Fakazela lokhu ngokuxoxa ubhekise kulaba balingiswa..

3.1.1 UZaba noThulisile (15)

3.1.2 UMgidi noThulisile (15)
**[30]**

**NOMA**

3.2 Funda lezi ziqeshana ezimbili ezilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A:**

| | |
|---|---|
| MGIDI: | Ukhona ofuna ukuphawula amele ibandla?<br>(*Kusukume indoda ende nje*) |
| INDODA: | Ndabezitha omkhulu! Mina ngisacela ukuzwa ukuthi indlovukazi yona yayibona ukuthi yenzani ngokuganga nebhoxongwana eligcwele umoya wezikhova? |
| THULISILE: | Linye izwi engizolisho, ukuthi ngithe ngiza lapha esigodlweni ngabe sengimtshelile uZaba ukuthi ngiyamthanda. |
| INDODA: | Wavumelani ukuzogana enkosini pho? |
| THULISILE: | Inkosi kayiphikiswa. |
| INDODA: | Wena uchaza ukuthi kawuyifuni inkosi? |
| THULISILE: | Ngangingeke ngiyiqome noma ngabe yayiyiseshel i sami esinemithi ehlanganiswa yinyanga enamandla ngaphezu kwazo zonke izinyanga esinazo lapha eMabomvini. Yiqiniso engicela ukulifela manje lelo. |
| INDODA: | Wala inkosi phambi kwabantu abangaka ntombazane, unamagangangozi. Kukufanele ngempela ukufa. Ngizophakamisa ukuthi inkosi ilandelise ngawe emva kwalo mfana. |
| THULISILE: | Inhliziyo yomuntu yiyo engumbusi wakhe. Ukugcagca nomuntu ongamthandi empilweni yakho kufana ncimishi nokufa. |
| MGIDI: | Kwanele! (*Athule isikhathi eside.*) Angikaze ngiphoxeke ngale ndlela. (*Atshake amathe futhi. Aguquke achachambe ebusweni ngesikhashana. Bese ebheka uZaba.*) Amazwi engizowakhipha manje ngiwabhekisa enjeni efana nalo mfana awakaze aphume emlonyeni wezinyane lamaBomvu ngisho nangezikhathi zawokhokho. Mfana kaMsanka, (*Athule antongele kancane, abheme kahle nje*) ulihlahlele inkambabeyibuza yengozi izinyane lamaBomvu ebelikucele iqhude ngomshoshaphansi. Siyisibonelo ebuthweni lakho isibindi sakho sokumela iqiniso noma sekumnyama. (*Ithule imbuke futhi umfana kaMsanka*). |

3.2.1 Ngaphandle kokulibeka ngembaba kuka Thulisile ukuthi akayithandi inkosi, yini okunye akwenza okufakazela lokhu okungenhla? Shono kube kuthathu. (3)

3.2.2 Ngubani indlovukazi entsha ekhethwe yinkosi uMgidi ngemuva kokuqulwa kwecala? (1)

3.2.3 Kunengwijikhwebu kulesi siqephu. Ichaze. (4)

3.2.4 Ngokuzwa kwakho indaba uThulisile udelele inkosi ngokwenzani? (2)

3.2.5 Sijeziso sini ababezothweswa sona oThulisile? (2)

3.2.6 Shono ukuthi kutholakale kanjani ukuthi ingane ebelethwe iNdlovukazi akuyona eyasemaBomvini. (2)

3.2.7 Ngokuzwa kwakho indaba yini ibhoxongwana? (1)

**[15]**

**Isiqeshana B:**

| | |
|---|---|
| MGIDI: | E, zikhulu zami, indlovukazi yami ingene lapha nempelesi yayo, izinsizi ekade nizishunqisile zahogelwa amakhala amabili, ngakho itshe elilodwa selibulele ongcede ababili. |
| MZWEZWE: | Shwele Ndabezitha, shwele wena wangasenhla! |
| MSANKA: | Mayidle izibekele Ndabezitha! |
| MGIDI: | Cha, zikhulu zami, akukubi kakhulu. Nxa ngibheka yinto lena uMzwezwe angalwa nayo ayehlule. |
| MZWEZWE: | Ndabezitha! Akummango lokho wena weSilo. |
| MGIDI: | Kuhle lokho Mzwezwe. Ngeke kwaba kuhle ukuthi inkosi itholakale isithatha isandla kanye nengalo yonke. Lokho kungalihudula phansi igama lami kanye nesithunzi sami nesamaBomvu wonke edidiyelwe ndawonye. |
| MSANK/<br>MZWEZ: | Ndabezitha! |
| MGIDI: | E, Mzwezwe, ngeke ngikubambezele ngomsebenzi obubike ukuthi umatasatasa nawo ngenkathi ngikubiza. |
| MZWEZWE: | Ndabezitha! Iyabonga inja yakho wena wakoMkhulu! (*Aphume uMzwezwe abashiye bobabili*) |
| MGIDI: | Msanka, kukhona isinyathelo esibalulekile esengicabanga ukusithatha njengoba ningenzele umsebenzi omuhle kangaka. |
| MSANKA: | Ndabezitha! |
| MGIDI: | Ngingakasivezi leso sinyathelo, ngizocela ukubuza Msanka ukuthi kungaba ngishayisile yini ngokubhidliza idlangala lesibili enithe nakha elinye lase lakheka nalo. |
| MSANKA: | Ndabezitha, cha, inkosi ayiphaphalazi neze. Uma ibingayihlaba inhlali bekuzovuka umbango othulini phakathi kwendlovukazi nompheIesi wayo. |
| MGIDI: | Yizwi lelo nduna yami, kodwa kusho ukuthi uMzwezwe unamandla. |

3.2.8 Ucabanga ukuthi ngobani laba inkosi uMgidi ebabiza ngokuthi 'ongcede'? (2)

3.2.9 Shono ukuthi msebenzi muni omuhle oMzwezwe abawenzile elawini le nkosi. (2)

3.2.10 Ingabe kuliqiniso yini ukuthi izinsizi ezishunqiswe nguMzwezwe zibe sezihogelwa nangumuntu ebezingaqondiswanga kuye? Uthini wena? (3)

3.2.11 Ngubani lo Mzwezwe? (1)

3.2.12 Ucabanga ukuthi kungani inkosi iphoqelela ukuba kube nguThulisile oyizalela indlalifa, hhayi uThulile? (3)

3.2.13 Ngokuzwa kwakho indaba sinyathelo sini lesi inkosi ekhuluma ngaso? (2)

3.2.14 Ingane ezelwe nguThulisile yethiwe igama elithi 'Sonkanise'. Yini isizathu salokho? (2)
**[15]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [30]**

ISIGABA C
**INOVELI**

**UMBUZO 4**

***Isigcawu Senkantolo*** – **M.M. Masondo**

Phendula umbuzo OWODWA kulesi sigaba.

Uma ngabe uphendule umbuzo oyingxoxo kuB uphoqelekile ukuphendula omfishane lapha. Kanti uma uphendule omfishane kuB phendula oyingxoxo lapha.

4.1 UKubheka ubhekene nenkinga enkulu yamaqola lapha. Xoxa ngaleyo nkinga usho ukuthi yaxazululeka kanjani ngosizo lukammeli uNgubane kufikela esigcawini senkantolo. **[30]**

**NOMA**

4.2 Funda lezi ziqeshana ezimbili ezilandelayo bese uphendula imibuzo esiqeshaneni ngasinye:

**Isiqeshana A:**

Kwabonakala uZethu echiphiza izinyembezi, "Angazi ngingabonga ngithini ngalokho ongenzele khona namhlanje empilweni yami, Ngubane," esho ekhala.
Ebona lokhu uKubheka wamane wadonsa ibhuku lakhe lamasheke, "Ngubane, ukhombise ukuhluzeka komqondo kanye nolwazi olunzulu emsebenzini wakho namuhla. Ngiyabazi ubunzima ohlangabezane nabo kuleli cala. Lobu bunzima kade ubuthola kimi kanye nasemndenini wami. Besikuphikisa futhi singahambisani neze nezinqumo zakho, kanti siyikake lapho wena ungayikakanga khona. Ujike wabekezela kukho konke lokho.

"Amadoda afana nawe mina ngiwabonga kanjena," esho edlulisa isheke lezinkulungwane ezilishumi elinikeza uNgubane. "Lokhu akuyona inkokhelo yakho kepha ngikubonga ekwaphuleni umkami ezidladleni zebhubesi."

"Ngiyabonga uma nanelisiwe umsebenzi wami. Akusiyona nto engiyithandayo ukubongwa ngezimali uma ngisebenze kahle, ngithanda ukubongwa nje ngomlomo bese ngikhokhelwa.

"Nami ngizothanda ukwedlulisela ukubonga kwami kuThemba ngananti isheke lezinkulungwane ezinhlanu. Ukuba ubengekho ngabe ngingaphumele langa," kuphetha uNgubane. Kushaywe ihlombe kube kuhle kudele.

"Ngicela ungixolele mnumzane Ngubane ngendlela engakhuluma ngayo nawe. Ngangenziwa ukungazi. Osenzele khona namhlanje kunginike isifundo empilweni yami".

4.2.1 Ngubani uThemba? (1)

4.2.2 Msebenzi muni owenziwe nguNgubane ukuze akhokhelwe imali engaka? (2)

4.2.3 Ngokuzwa kwakho indaba 'elomkami' libhekiswe kubani? (1)

4.2.4 Kuliqiniso yini ukuthi ukuba khona kuka Themba kube lusizo kuNgubane? Nikeza kube kubili akwenzile okulusizo. (3)

4.2.5 Bakuphi laba abaxoxayo? (1)

4.2.6 Ucabanga ukuthi kuqondweni 'ngezidladla zebhubesi'? (1)

4.2.7 Ake uchaze isigameko esenzeke lapha ngemuva kwale ngxoxo yoNgubane. (4)

4.2.8 Sifundo sini esitholakala kuleli noveli? (2)

**[15]**

**Isiqeshana B:**

Thatha inkulungwane namakhulu amahlanu amarandi. Wafake ethinini elibomvu likadilinki. Le mali ifake ingamashumi amabili kanye namashumi amarandi, bese kuthi ishumi lamarandi kube imali ehlukene eyisiliva.
Ufake nale ncwadi ethinini ukuze amaphoyisa angatholi umkhondo wethu ngalo mshini obhale lapha.

Emva kwalokho ulindele ucingo oluzokutshela ukuthi uyise kuphi, ngasikhathi sini, futhi kanjani. Uma uke wazama ukweqa le miyalo, umndeni wakho uyoba sehlazweni elikhulu futhi kuyokwaziwa ukuthi iminwe eyatholakala esidunjini sikaZikode, ingekabani futhi wabulawa ngubani.

Sethemba ukuthi konke kuzohamba ngosiko.

Abazithobayo.

Yithina,

Obaziyo.

4.2.9 Yayithunyelwe kubani le ncwadi? Ucabanga ukuthi kungani athunyelelwe yona? (3)

4.2.10 Amaqola agcina angasathembani kulo msebenzi wawo wobuqola. Chaza imbangela yalokho. (4)

4.2.11 Ngubani uZikode? (1)

4.2.12 Ake uchaze ukuthi iminwe etholakale esidunjini sikaZikode ifike kanjani. (3)

4.2.13 Shono ukuthi kukhulunywa ngobani uma kuthiwa 'Sethemba'. (2)

4.2.14 Ingabe bahlanganiswe yini laba bantu? (2)
**[15]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [30]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 100**

**ISIPHETHO**